



It starts with a story...

## A reading world

Can you imagine seeing people around you reading every day? Adults reading magazines and books on the train or in the taxi on their way to work, children enjoying books from the school library together as they wait for their lifts at the school gate, teenagers glued to the next chapter of a story on their cellphones as they walk down the road, and older people sitting on their front stoep reading the newspaper. And then, of course, reading at home too – family members reading in the morning and at night, together and on their own!

This is the kind of “reading world” that we’re aiming for – a world in which children and adults experience the joy and value of reading daily. A world in which our horizons widen as we connect with the experiences, ideas and stories of people, near and far, through their writing. And it’s all within our reach, as book by book, we enjoy reading together and encourage others to do so too.

Here are some of the ways you can contribute at home and at your reading club.

- **Read regularly.** All you need is 15 minutes each day to read aloud to your children. Most children enjoy being read to just before bedtime, but it really doesn’t matter when you read books together each day – it’s doing it regularly and choosing books that you all enjoy that counts!
- **Suggest books.** Talk to your children about which kinds of books they like – stories or information books – and what kind of stories they like: adventure stories, fantasy, stories about everyday life. Then help them find the ones they want, preferably in their home language/s.
- **Choose books.** When they start to read on their own, help your children to choose interesting books that are not too difficult for them, so that they are able to have lots of successful reading experiences. Keep the more difficult books for you to read to them!
- **Write a review.** Encourage your children to write a book review of their favourite book and then display it for others to read, or send it to Nalibali to publish on our website. Email your reviews to us at [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) or post them to Nalibali, PRAESA, UCT, Private Bag, Rondebosch, 7701.

For more ideas about how to get and keep children reading, visit “Tips and Topics” on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

## Umhlaba wabantu abafundayo

Uyacabanga ukuthi kungaba njani nje uma ungabona abantu abaseduze kwakho befunda zonke izinsuku? Abantu abadala abafunda amaphephabhuku nezincwadi esitimeleni noma eteksini endleleni yabo eya emsebenzini; izingane zithokozela ndawonye izincwadi ezivela emtatsheni wezincwadi wasesikoleni ngesikhathi zilinde abazozilanda esangweni lesikole; amabhungu namatshitshi ethe njo esahlukweni esilandelayo sendaba komakhalekhukhwini bawo ngenkathi ehla ngomgwaqo; nabantu abadala behleli esitubhini sangaphambili befunda iphephandaba. Kanti njalo nokufunda ekhaya nje – amalungu omndeni efunda ekuseni nasebusuku, ndawonye nangawodwana!

Lona “ngumhlaba wabantu abafundayo” esiphokophele kuwo – umhlaba lapho izingane nabantu abadala bethola khona injabulo nenzuzo yokufunda nsuku zonke. Umhlaba lapho kuvuleka khona umhlaba wethu ngesikhathi sixhumana kuwo nokwenzeke ezimpilweni zethu, imiqondo nezindaba zabantu abaseduze nabakude, ngalokho abakubhalile. Kanti konke lokhu kuseduze nathi, lapho sithokozela ukufunda ndawonye incwadi nencwadi, futhi sigugquzela nabanye ukuthi benze kanjalo nabo.

Nazi ezinye izindlela ongafaka ngazo isandla ekhaya nasethimbeni lakho lokufunda.

- **Funda njalo.** Udinga nje imizuzu eyi-15 osukwini ngalunye ukuze ufundele kakhulu izingane zakho. Izingane eziningi zithokozela ukufundelwa ngaphambi kwesikhathi sokulala, kodwa akubalulekile ukuthi nizifunda nini izincwadi ndawonye osukwini ngalunye – okubalulekile ukwenza lokhu njalo nokukhetha izincwadi enizithokozela nonke!

- **Yenza isiphakamiso ngezincwadi.** Xoxa nezingane zakho mayelana nezinhlobo zezincwadi ezizithandayo – izindaba noma izincwadi eziqukethe ulwazi – nokuthi yiziphi izinhlobo zezindaba ezizithandayo, izindaba ezingezigigaba ezithile, ezimayelana nokungenzeke ngempela, izindaba zempilo yansuku zonke. Bese uzisiza ukuthi zithole lezo ezizifunayo, uma kungenzeka kube ezingolimi noma izilimi zazo zasekhaya.

- **Khetha izincwadi.** Lapho izingane zakho ziqala ukuzifundela zodwa, zisize ukuthi zikhetha izincwadi ezihlaba umxhwele ezingelukhuni kakhulu kuzo, ukuze zikwazi ukuba nezikhathi eziningi zokufunda ngempumelelo. Gcina izincwadi ezilukhuni kakhulu ukuze wena uzifundele izingane!

- **Bhalani ngenikuhluzayo.** Ggugquzela izingane zakho ukuthi zibhale zihluze incwadi eziyithandayo bese zibeka lokhu endaweni lapho kuzokwazi khona ukufundwa ngabanye, noma ukuthumele kwaNalibali ukuze kushicilelwe ewebhusayithini yethu. Sithumeleleni nge-imeyli lokho enikubhalile nihluzela indaba ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) noma nikuposele kuNalibali, PRAESA, UCT, Private Bag, Rondebosch, 7701.

Ukuze uthole eminye imiqondo mayelana nokuthi ungenza kanjani ukuthi izingane zifunde futhi ziqhubeke nokwenza lokhu, vakashela ku-“Tips and Topics” ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Drive your imagination

Read to me. Explore a story.  
Ngifundele. Asijule nendaba.





# Story stars



## Creating magic with books

Tracey Muir has been a librarian at Cape Town's Central Library for 12 years. She is now their Children's Librarian, which allows her to spend time doing one of her favourite things: sharing stories with children. We spoke to her about libraries and reading.

### What is the value of stories and books?

Reading and listening to stories allows children to broaden their thinking. Books spark children's imaginations and teach them valuable life lessons.

### What do libraries offer, besides books?

For many children, libraries are a safe haven after school. Our library offers storytelling in English and isiXhosa, holiday programmes, an after-school reading programme to help children improve their reading, and chess clubs. We also have computers which people can use. They get free access to the internet which helps them to find jobs, keep in touch with their families through email or social networking, and do research.

### What is your favourite children's story to read aloud?


*Winnie, the Witch* by Valerie Thomas! I love getting the children to pretend to do the magic with Winnie as she turns her cat different colours. The children enjoy listening to this story, and they enjoy making magic just as much as I do!

### How do you keep the children interested?

I show my enthusiasm and passion for books as I read! I try to choose books where the children can interact with the story and I also use expression and different voices for characters. I have so much fun when I'm reading aloud that I'm sure this helps the children to enjoy the stories too!

### How can parents get their children interested in reading for enjoyment?

Children learn by example and so they need to see their parents reading if they are going to want to do it too! It is also important to start reading to your children from when they are very young and to read lots of different kinds of reading material with them – picture books, pop-up or flap books, audio books, cloth books, board books and magazines.



Pic: Anton Scholtz



Tracey Muir

# Abavelele ezindabeni

## Ukwenza umlingo ngezincwadi

UTracey Muir usebe umsi emtsheni wezincwadi eCentral Library yaseKapa iminyaka eyi-12. Manje usengumsi emtsheni Wezincwadi Zezingane nokumnika ithuba ukuthi enze enye yezinto azithanda kakhulu: ukwabelana nezingane ngezindaba. Sixosisane naye ngemitapo yezincwadi kanye nokufunda.

### Yini usizo olutholakala ezindabeni nasezincwadini?

Ukufunda nokulalela izindaba kusiza izingane ukuthi kunwebeke ukucabanga kwazo. Izincwadi zilola imicabango yezingane bese zizifundisa izifundo zempilo ezibalulekile.

### Ihlinzeka ngani futhi imitapo yezincwadi, ngaphandle kwezincwadi?

Ezinganeni eziningi, imitapo yezincwadi iyindawo ephile ezingahlala kuyo ngemva kokuphuma kwesikole. Umitapo wezincwadi wethu uhlinzeka

ngokuxoxwa kwezindaba ngesiNgisi nangesiXhosa, izinhlelo zangezikhathi zamaholidi ezikole, nezinhlalo zokufunda ngemva kokuphuma kwesikole ukuze kusizwe ngokuthukisa ukufunda kwezingane kanye namathimba e-chess. Sinawo namakhompyutha abantu abangawasebenzisa. Bakwazi ukungena ku-inthanethi mahhala, okubasiza ukuthi bathole imisebenzi, bakwazi ukuxhumana nemindeni yabo nge-imeyli noma ngezinqosi zokuxhumana zokwakha ubuhlobo nokuthi benze ucwaningo.

### Iyiphi indaba yezingane othanda ukuyifunda kakhulu?

U-*Winnie, the Witch* obhalwe nguValerie Thomas! Ngithanda ukwenza izingane zenze sengathi zenza umlingo noWinnie ngesikhathi eshintsha ikati lakhe liba imibala ehlukeni. Izingane ziyathanda ukulalela le ndaba, futhi ziyakuthokozela ukwenza umlingo njengami.

### Uzicina kanjani izingane zigxile ezindabeni?

Ngikhombisa umdlandla nothando lwencwadi ngesikhathi ngiyifunda! Ngithanda ukukhetha izincwadi lapho izingane zizokwazi khona ukuzibandakanya ezindabeni futhi ngisebenzisa nokukhombisa izimo ezahlukene namazwi ahlukene abalingiswa. Ngiba nesikhathi esimnandi ngempela lapho ngifunda indaba kakhulu kangokuthi nginesiqiniseko sokuthi lokhu kusiza nezingane ukuba nazo zithokozele indaba!

### Yini engenziwa abazali ukuze izingane zabo zithande ukufundela ukuzithokozisa?

Izingane zibonela kwabanye, ngakho kumele zibone abazali bazo befunda ukuze nazo zifune ukukwenza lokhu! Kubalulekile futhi ukuthi uqale ukufundela izingane zakho kusukela ngesikhathi zisencane kakhulu nokuba ufunde nazo izinhlobo zokufundwayo eziningi ezahlukene – izincwadi ezinezithombe, izincwadi ezivuleka kuvele izithombe zokuthile noma izincwadi ezinezinqwembe, izincwadi ezinokulalelwayo, izincwadi zendwangu, izincwadi ezingamabhodi kanye namaphephabhuku.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers\* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.




Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangotho bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenye yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla\* ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

\* For terms and conditions that apply, go to [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

\* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

### Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
  2. Fold it in half along the black dotted line.
  3. Fold it in half again.
  4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
  2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
  3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
  4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





That day Lauren and her friends rolled on the grass. They played in the sandpit. They swung upside down from the jungle gym.

Ngalolo suku uLauren nabangani bakhe bagingqika otshanini. Badala emgodini wesihlabathi. Bashwibeka ejimini bebhekise amakhanda phansi.



On Wednesday morning, Mrs Bee was waiting at the door. She tied Lauren's hair into three tight ponytails with three big, fat ribbons.

Ngolwesithathu ekuseni, uNkk Bee wayelinde ngasemnyango. Wabopha izinwele zikaLauren zaba samashoba amaponi amathathu aqinile ngamaribhini amathathu amakhulu, awugqinsi.

Fold

Lauren's new hairdo is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)



Cambridge University Press  
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Fold

CAMBRIDGE

# Lauren's new hairdo

## Isitayela sasekhanda esisha sikaLauren



Heidi Samuels  
Natalie Hinrichsen



That day Lauren played follow-the-leader. Lauren and her friends marched and ran, rolled and laughed. Ngalolo suku uLauren wadlala umdlalo wokulandela umhlo! ULauren nabangani bakhe babemasha behla benyuka, begingqika futhi behleka.



On Thursday morning, Mrs Bee was waiting at the door. She tied Lauren's hair into four tight ponytails with four big, fat ribbons. Ngolwesine ekuseni, uNkk Bee wayelinde ngasemnyango. Wabopha izinwele zikaLauren zaba samashoba amaponi amane aqinile ngamaribhini amane amakhulu, awugqinsi.



Lauren pulled out the big, fat ribbons. She ran to Mum with her hair flying free. And she was beautiful.

ULauren wakhipha amaribhini amakhulu, awugqinsi. Wagijima eya kuMama izinwele zakhe zindiza ngokukhululeka. Futhi wayemuhle.



Mum and Lauren went to see Lauren's new school.

"Hello Lauren," said Mrs Bee. "Would you like to see where the boys and girls play?"

UMama noLauren bayobona isikole esisha sikaLauren.

"Sawubona Lauren," kusho uNkk Bee. "Ngabe uyafuna ukuyobona lapho kudlala khona abafana namantombazane?"



That day Lauren played soccer with Jake. She played tag with her friends. She jumped from pole to pole on the jungle gym.

Ngalolo suku uLauren wadlala ibhola lezinyawo nolake. Wadlala umdlalo wokuxoshana athintane nabangani bakhe. Wagxuma esuka kweinye ipali eya kweinye ejimini.



When Mum came to fetch Lauren, Mrs Bee was waiting at the door. She looked at Lauren's hair. She threw her hands in the air.

"I give up!" she said. "I've tried everything! I'm going to let your hair just do as it chooses!"

Lapho uMama esezolanda uLauren, uNkk Bee wayelinde emnyango. Wabuka izinwele zikaLauren. Wachaya izandla.

"Ngehlulekile!" kusho yena. "Ngizame konke! Ngizoziyeka izinwele zakho zenze lokho ezikuthandayo!"

On Tuesday morning, Mrs Bee was waiting at the door. She tied Lauren's hair into two high ponytails with two big, fat ribbons.

Ngolwesibili ekuseni, uNkk Bee wayelinde zikaLauren zaba samashoba amaponi ngasemnyango. Wabopha izinwele amabili aphakeme ngamaribhini amabili amakhulu, awugqinsi.



Mum and Lauren had a look. There was a jungle gym, a slide and a sandpit. All the children were very busy, very noisy, and very neat.

UMama noLauren bayobona. Kwakunjimu, umshushuluzo nomgodi wesihlabathi. Zonke izingane zazimatasatasa kakhulu, zibanga umsindo omkhulu, futhi zigqoke kahle.



Lauren had a great first day. She made a new friend. They played hide-and-seek and did cartwheels in the wind. Lauren waba nosuku lwakhe lokugala olumandi. Wathola umgani omusha. Badlala umacashelana benza namasondo enqodlana emoyeni.


On Monday morning, Mrs Bee was waiting at the door. She tied Lauren's hair into a high ponytail with a big, fat ribbon.

NgoMsombuluko ekuseni, uNkk Bee wayelinde ngasemnyango. Wabopha izinwele zikaLauren zaba sashoba likaponi, eliphakeme ngeribhini elikhulu eliwugqinsi.



Ngolwesihlanu ekuseni, uNkk Bee wayelinde emnyango. Wabopha izinwele zikaLauren zaba sashoba amaponi aqinile amahlanu ngamaribhini amahlanu amakhulu, awugqinsi.

On Friday morning, Mrs Bee was waiting at the door. She tied Lauren's hair into five tight ponytails with five big, fat ribbons.




That day Lauren felt freer than ever. She swung from the tyres on the trees with her friends. They zoomed around on their scooters.

Ngalolo suku uLauren wazizwa ekhululeke kakhulu kunakuqala. Wayeshwibeka ngamathaya aboshelwe ezihlahleni nabangani bakhe. Bazula yonke indawo ngezikuta zabo.

## Get story active!

After you and your children have read *Lauren's new hairdo*, try out some of these ideas.

- Look at the pictures again with your children. Draw their attention to how Lauren's hairstyle changes each day when a ponytail is added, as well as the expression on her face as Mrs Bee does her hair. Let them comment on how Lauren appears to feel about her hairstyles, as well as what they think about them.
- Look at the kinds of things the children in the story do – like playing hide-and-seek and rolling on the grass. Discuss which of these things your children enjoy and then do some of them together!
- With younger children, suggest that you all play a pretend game of hairdresser-hairdresser. Or turn the story around – you can pretend to be Mrs Bee while your children make up five different hairstyles for you!
- Suggest that your children draw or paint a picture of themselves with the funniest or craziest hairstyle they can imagine.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde indaba ethi *Isitayela sasekhanda esisha sikaLauren*, zamani eminye yale miqondo.

- Bheka izithombe futhi nezingane zakho. Zikhombise indlela okushintsha ngayo isitayela sasekhanda sikaLauren usuku ngalunye uma kwengezwa ishoba leponi, kanye nendlela ubuso bakhe obubukeka ngayo ngesikhathi uNkk Bee emlungisa izinwele. Zivumele ukuthi ziphawule ngendlela uLauren abukeka ezizwa ngayo ngezitayela zakhe zasekhanda, nokuthi zicabangani ngazo.
- Bheka izinto ezenziwa izingane endabeni – ezifana nokudlala umacashelana nokugingqika otshanini. Xoxisanani ngokuthi yikuphi kulokhu okuthokozelwa izingane zakho bese nenza okunye kwakho ndawonye!
  - Mayelana nezingane ezincane, phakamisa ukuthi nonke nidlale umdlalo wokuzenza sengathi ningabacwali bezinwele. Noma-ke uguqule indaba – ungashaya sengathi unguNkk Bee ngesikhathi izingane zakho zikwenza izitayela zasekhanda ezinhlanu ezahlukene!
  - Beka umbono wokuthi izingane zakho zidwebe noma zipende izithombe zazo zinezitayela zasekhanda ezihlekisayo noma ezixake kakhulu ezingazicabanga.

## Meet Hope!

Hope is the newest Nal'ibali character! She is 10 years old and she lives with her mom and dad. Their home is close to Neo's and she is good friends with him and Josh. They often come and watch her when she takes part in karate competitions. Hope reads in English, but she can also speak and read a bit in Afrikaans and Zulu because she's been learning these languages at school. She enjoys short novels about children her age and their daily lives. She is a great animal-lover, so you'll also often find her looking at books about wild animals and their babies, and learning about where and how they live. And, of course, she loves books about karate!

## Sinethulela uHope!

UHope ungumlingiswa omusha wakwaNal'ibali! Uneminyaka eyi-10 futhi uhlala nomama nobaba wakhe. Ikhaya labo liseduze nakubo kaNeo futhi ungumngani wakhe uNeo noJosh. Bavamise ukuyombukela uma encintisana emncintiswaneni womkhalambazo. UHope ufunda ngesiNgisi, kodwa futhi ukhuluma aphinde akwazi nokufunda kancane isiBhunu nesiZulu ngoba ubefunda lezi zilimi esikoleni. Uthokozela amanoveli amafushane amayelana nezingane ezingangaye nezimpilo zazo zansuku zonke. Uzithanda kakhulu izilwane, ngakho ungamthola ebheke izincwadi ezimayelana nezilwane nabantwana bazo, futhi efunda ukuthi zihlala kuphi nokuthi ziphila kanjani. Kanti futhi, uyazithanda nezincwadi ezimayelana nomkhalambazo!



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
 Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

Safm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.

## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi kuhlelo lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya koLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-Safm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

## Story corner

Here is the first part of a story about a young girl who loved the wind! Enjoy reading it aloud or telling it!

### Thembela in the wind (Part 1)

by Leo Daly

"Haai, Thembela!" calls Mama. "It's too windy to be outside. Come in or you'll catch a cold."

But Thembela doesn't listen because she's having too much fun. Her hair lifts up-up-up above her head, and now it's flapping all around her ears. Her dress feels like a kite and Thembela is sure that if she wanted to, she could fly away – right into the sky.

"The wind is wonderful, Mama," she laughs. "I don't want to come inside."

"You have to, Thembela," replies Mama. "It's no good out there – too dangerous."

Thembela lifts her arms out to her sides and flaps them up and down like a bird. "Okay, okay," she smiles. "I'll come inside."

And with that, she takes a jump. Off she goes across the garden and she feels like she's flying. The wind wraps itself around her and carries her all the way back to Mama, who closes the door behind her.

"Shoo, Thembela! Aren't you tired from all that flying? Why don't you take a warm bath and then it's straight to bed."

When Mama comes to tuck Thembela in, she says, "Haai, Thembela, you must be the only person in the whole world who likes the wind." Before Mama leaves, Thembela asks for the curtains to be opened so that she can watch the clouds as they sail on by and the tops of the trees as they sway here-and-there. She kisses her Mama goodnight and falls asleep.

That weekend, Mama has to go into the city, so Aunt Ida comes over to stay.

"Oh my," says Aunt Ida with a great, big sigh, "I heard on the news that there's a storm on the way!"

All day long the clouds gather in the sky until it's as dark as night. Then the rain starts to fall. Thembela can't believe her eyes. It's more rain than she has ever seen and soon there are big puddles everywhere. But Thembela smiles. She pulls on her raincoat and puts on her gumboots and out she goes.

"No, Thembela!" cries Aunt Ida. "You come in right now!"

**Aunt Ida sounds cross! Will Thembela listen to her, or does she just love being in the wind too much? Find out next week.**



Illustration by Magriet Brink  
Umdwebo wenziwe uMagriet Brink

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenywe yokuqala yendaba emayelana nentombazanyana ethanda ukudlala emoyeni! Thokozela ukuyifunda kakhulu noma ukuyixoxa!

### UThembela udlala emoyeni

(Ingxenywe yoku-1) Ibhalwe nguLeo Daly

"Hhayi, Thembela!" kumemeza uMama. "Kunomoya omkhulu, akufanele ukuba ube phandle. Ngena endlini, uzongenwa umkhuhlane."

Kodwa uThembela akalaleli ngoba kumnandi phandle. Izinwele zakhe ziphakama ziye phezulu, phezulu, phezulu, zedlule ikhanda lakhe, bese ziwa zimboza izindlebe zakhe. Ingubo yakhe izwakala sengathi yikhayithi futhi uThembela usekholwa ukuthi ukuba ubefuna, ubezondiza – ayoshona esibhakabhakeni.

"Umnandi umoya, Mama," esho ehleka. "Angifuni ukungena endlini."

"Kumele ungene, Thembela," kuphendula uMama. "Akukuhle lapho phandle – kuyingozi kakhulu."

UThembela uphakamisa izingalo zakhe ezinhlangothini zakhe bese ezibhakuzisa, ezishonisa phezulu naphansi njengenyoni. "Kulungile-ke, kulungile," esho emamatheka. "Ngizongena endlini."

Wanele washo njalo, wagxuma. Wadabula ingadi, futhi wazizwa sengathi uyandiza. Uzungezwa umoya bese uyamthwala umbuyisele kuMama, ovala umnyango emva kwakhe.

"Awu, Thembela! Awukhathele kodwa ngemva kwakho konke lokhu kundiza? Kunganjani uyogeza ngamanzi afudumele bese uyolala?"

Ngesikhathi uMama ezomembathisa uThembela embhedeni, uthi, "Hhayi, Thembela, cishe nguwe wedwa umuntu othanda umoya emhlabeni wonke." Ngaphambi kokuba uMama ahambe, uThembela ucela ukuthi kuvulwe amakhethini khona ezobuka amafu ngesikhathi edlula, kanye nezicongo zezihlahla ezinyakaza zishone le nale. Uqabula uMama wakhe emfisele ubusuku obuhle bese eyazumeke. Ngaleyo mpelasonto, uMama kumele aye edolobheni, ngakho u-Anti Ida uyeza uzohlala naye.

"Awu Nkosi yami," kusho u-Anti Ida ngokwethuka okukhulu, "ngizwe ezindabeni kuthiwa kuza isiphepho!"

Lihlanganisa amafu usuku lonke, isibhakabhaka size sibe mnyama sengathi kusebusuku. Ibe seyiqala ukuna imvula. UThembela akakukholwa lokhu akubonayo. Yimvula enkulu kakhulu kunake wayibona kanti emva kwesikhashana nje sekuba khona amabhaka amakhulu yonke indawo. Kodwa uThembela uyamamatheka. Ugaqoka ijazi lakhe lemvula bese efaka amabhuzu akhe aphumele phandle.

"Hhayi, Thembela!" kumemeza u-Anti Ida. "Ngena endlini njengamanje!"

**Uzwakala ethukuthele u-Anti Ida! Ngabe uzomlalela uThembela, noma ngabe ukuthanda kakhulu ukudlala emoyeni? Thola lokhu ngesonto elizayo.**

## In your next Nal'ibali supplement:

- Why talking about books is important
- Story Stars: Grannies giving back
- Make a card for a grandparent
- A mini-book, *Let there be peace*
- The final part of the story, *Thembela in the wind*



Have you joined the Nal'ibali network yet? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to register – and receive a monthly newsletter with exclusive competitions and other great benefits.

## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Kubaluleke ngani ukukhuluma ngezincwadi
- Abavelele Ezindabeni: Ogogo babonisa isihawu
- Yenzela ugogo noma umkhulu ikhadi
- Ibhukwana, *Makube nokuthula*
- Ingxenywe yokugcina yendaba ethi, *UThembela udlala emoyeni*

Ngabe sewubhalisile yini kuhlelo lakwaNal'ibali? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze ubhalise – bese uthola iphephabhuku lamalungu lazinyanga zonke elinemincintiswano engenelwa amalungu kuphela neminye imihlomulo emikhulu.

